

# NGIYIBHALISELA KANJANI INTELÀ

Zintathu izindlela zokubhalisela intelà:

- **Okusha! 27 kuNdasa 2020 - Ukubhalisa okuzenzekelayo kweNtelangeniso loMuntu Siqu:**

Uma ubhalisa ku-SARS eFiling okokuqala futhi ungakabi nayo inombolo yentelangeniso lomuntu siku, uSARS uzokubhalisa wona bese ekunika inombolonkomba yentela. Qaphela ukuthi kumele ube nomazisi osemthethweni waseNingizimu Afrika.

Izinyathelo ezilula:

1. Vakashela ku- [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)
2. Khetha 'Register Now'
3. Landela imiyalelo
4. Cela iSaziso sokuBhalisa – sizoveza inombolo yakho yokubhalisa yentelangeniso yakho

Ungakwazi nokubhalisela i-SARS eFiling ku-SARS MobiApp ulandele izinyathelo ezifanayo.

- **Bhalisa ngomqashi wakho ngokusebenzia i-SARS eFiling:**

Ku-SARS eFiling uyakwazi ukusebenzia uhlelo lokubhalisela kwa-SARS olunika abaqashi ithuba lokuthi bathumele ukubhalisa kwezisebenzi zibhalisela intelangeniso kwa-SARS. Ngolwazi olwengeziwe, bheka isiqondiso somhlamlandlela wokubhalisa i-[Guide to Register an Employee for Income Tax via eFiling](#)

- **Bhalisa egatsheni lakwa-SARS eliseduze nawe: (Sicela uqaphele ukuthi ukuvakashela emagatsheni akwa-SARS kuzokwehliswa ngesikhathi sokuvalwa kokunyakaza ezweni)**

Vakashela igatsha laka-SARS eliseduze nawe ukuze ubhalisele iNtelangeniso loMuntu siku. Qinisekisa ukuthi uphatha [amadokhumeni asekelayo adingekayo](#).

Awuqinisekile noma ubhalisile noma cha? Buza kumqashi wakho, noma ushayele i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277 noma uvakashele [igatsha lakwa-SARS](#) eliseduze nawe ukuze uthole ukuthi ubhalisile noma cha.

**Isungqangi:** uSARS ngeke unike omunye umuntu [inombolo yakho yentela](#), ngaphandle uma lowo muntu kungumuntu osebenza ngezintela zakho noma enegunya lokwenzela i-[Power of Attorney \(POA\)](#) ukuze akwenzele okuthile ngezindaba zakho zentela.